**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO:**

1. Leli phepha lehlukaniswe iziqephu EZINTATHU:

   ISIQEPHU A: Indaba. – Amamaki angama-50.

   ISIQEPHU B: Imibhalo emide edlulisa imiyalezo. Amamaki angama-30.

   ISIQEPHU C: Imibhalo emifishane edlulisa imiyalezo. Amamaki angama-20.

2. Abahlolwayo kulindeleke ukuba baphendule umbuzo OWODWA esiqeshini A, OWODWA esiqeshini B kanye noWODWA esiqeshini C.

3. Bhala usebenzise ulimi ohlolwa ngalo.

4. Abahlolwayo mabaqale umbuzo ngamunye ekhasini elisha.

5. Bhala uhlaka ekhasini lephepha lakho lokuphendula imibuzo, lube sekhasini lalo lodwa. (INDABA KUPHELA EDINGA UHLAKA.)

6. Uyayalwa ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:

   ISIQEPHU A: amaminithi angama-80
   ISIQEPHU B: amaminithi angama-40
   ISIQEPHU C: amaminithi angama-30

7. Ungaziguquli izinombolo zemibuzo. Zibhale njengoba zinjalo ephepheni lemibuzo.

8. Nikeza impendulo yakho isihloko esiyifanele. Amagama esihloko awabalwa kubalwa amagama empendulo.

9. Abahlolwayo mabaqaphelisise isipelingi kanye nokwakheka kwemisho.

10. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

    ISIQEPHU A: (Izindaba)
    - Ubude bendaba
      Bhala amagama angama-340 kuya kwangama-390.

    ISIQEPHU B: (Umbhalo odlulisa imiyalezo)
    - Ubude bombhalo
      Bhala amagama ayi-100 kuya kwayi-120.

    QAPHELA: Abahlolwayo bayayalwa ukuba babhale uhlobo lwalowo mbhalo abawuphendulayo .

    ISIQEPHU C: (Imibhalo emifishane enemiyalezo)
    - Ubude bombhalo
      Bhala amagama angama-80 kuya kwayi-100.

    QAPHELA*:* Abahlolwayo bayayalwa ukuba babhale uhlobo lwalowo mbhalo abawuphendulayo.

## ISIQEPHU A

## UMBUZO 1

Khetha isihloko esisodwa kwezilandelayo ubhale ngaso indaba ibe ngamagama angama-340 kuya kwangama-390.

QAPHELA: Ungakhohlwa ukwenza uhlaka lwendaba yakho ngoba lunamamaki.

1.1 Abantu abasha babambe iqhaza elibalulekile ekuletheni intuthuko emiphakathini yabo. Ngabe kusafanele yini ukuthi umgubho wenyanga yabasha (Juni 16) ugxile kwezombusazwe? Bhala indaba eveza ukuvuma noma ukuphika. Sekela ngokunikeza izibonelo lapho kudingeka khona. Yinike isihloko indaba yakho. **[50]**

**NOMA**

1.2 "Angikakholwa namanje ukuthi udadewethu asimazi lapho ekhona. Selokhu anyamalala ngosuku olulandela olokugcagca kwakhe akaphindanga wabonakala sekuze kwaphela iminyaka eyisi-6 silindile". Bhala indaba ngakho konke okwenzeka. Yinike isihloko indaba yakho. **[50]**

**NOMA**

1.3 Bekunokhetho loMkhandlu wobuholi esikoleni ofunda kuso, wakhethwa ukuba ube umholi walo mkhandlu. Bhala indaba lapho uzoveza izinto ozozenza ukuthuthukisa isikole ofunda kuso njengoba usungumholi. Yinike isihloko indaba yakho. **[50]**

**NOMA**

1.4 Indlela izinto esezenzeka ngayo ezweni seyenze saphelelwa ubuntu obabukhona kudala. Bhala indaba ngalesi sihloko: *Mazibuye Emasisweni* unikeze imibono yakho ngokujeqeza emuva ngezinto esasizenza ezingabuyisa ubuntu. **[50]**

**NOMA**

1.5 *Ubuhle Nobubi Bokuba Nomakhalekhukhwini.* Bhala indaba uveze izinhlangothi ezimbili ngalesi sihloko. Nika izibonelo lapho kudingeka khona. **[50]**

**NOMA**


1.6 Lesi sithombe esingezansi siveza ezinye zezinto ezibuhlungu eziwubufakazi bokucwasana ngokobuhlanga lapha eNingizimu Afrika. Bhala indaba ezoveza ngokucacile ukuthi uyasiqonda lesi simo esivezwa yilesi sithombe. Uvumelekile ukunika nezinye izibonelo ezizocacisa lokhu. Yinike isihloko indaba yakho.




**[50]**

**NOMA**

1.7 Isithombe esilandelayo siveza umonakalo owenziwe isiphepho ebesihlasele izwe lonke. Bhala indaba usebenzise lesi sihloko: *Umonakalo Odalwe Yisiphepho Ushiye Kukhalwa.*



**[50]**

**NOMA**

1.8 Abantu besifazane abasazibekile phansi emisebenzini yamakhono obekuthiwa ngeyabantu besilisa. Isithombe esingezansi sikukhombisa ngokusobala lokhu. Bhala indaba ezoveza iqhaza elibanjwa abantu besifazane ekuthuthukiseni izindawo abahlala kuzo. Uvumelekile ukusebenzisa nezinye izibonelo. Yinike isihloko indaba yakho.



**[50]**

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 50**

## ISIQEPHU B

## UMBUZO 2

Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama ayi-100 kuya kwayi-120.

2.1 Uthole ikhadi lesimemo elikumemela emshadweni womngani wakho omkhulu enakhula naye kodwa angeke ukwazi ukuphumelela ngenxa yokuba kude kwendawo osebenza kuyo. Mbhalele **incwadi** umngani wakho umbongele uphinde uchaze nezizathu ezenza ukuba ungaphumeleli ukuza emshadweni wakhe. **[30]**

**NOMA**

2.2 Emasontweni amabili azayo isikole sakho sizobe sinomcimbi wokuvalelisa abafundi bebanga le-12. Uthishanhloko ukucelile ukuba ulungise **inkulumo** ozoyethula ngalelo langa lomcimbi. Inkulumo yakho mayiveze ukugqugquzela kanye nokubaluleka kokuzilungiselela ukuhlola kokuphela konyaka. **[30]**

**NOMA**

2.3 Abazali bomngani wakho bamphoqelela ukuba angene emshadweni abengazimisele ngawo. Kunokuba aqophisane nabazali bakhe, ubone kungcono ukuba acele izeluleko kuthisha wakhe omfundisa isifundo sokuqonda impilo (Life Orientation). Bhala **ingxoxo** phakathi komngani wakho nothisha. **[30]**

**NOMA**

2.4 Umhleli wephephabhuku iShisa ukunike isikhala sokuthi ubhale ululeke abantu ngezindlela nezinhlobo zokudla okumele bakudle ukuze babe nempilo. Bhala-ke **i-Athikili** ngalesi sihloko esilandelayo: ***Ungalwa Nezifo Eziningi Ngokudla Ukudla Okunempilo***. Sebenzisa izithombe ezilandelayo ukuchaza ngokubaluleka kwalesi sihloko. Ungasebenzisa nezinye izinhlobo zokudla ezingavelanga kulezi zithombe ezilandelayo.

## ISIQEPHU C

## UMBUZO 3

Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama angama-80 kuya kwayi-100.

3.1 Uthe uzihlalele ekhaya e-Hoedspruit wathola ucingo oluvela kumngani wakho ekwazisa ukuthi use-Karula Hotel ngokomsebenzi, manje ubefisa ukuthi uze uzombona. Shono ukuthi uzohamba kanjani ukusuka e-Hoedspruit uya e-Karula Hotel usebenzisa **inkombandlela** eku-Annexure A enezinombolo okufanele uzilandele ukuze ufinyelele e-Karula Hotel. **[20]**

**NOMA**

3.2 Njengoba ungumfundi webanga le-12 uthole umbiko ovela kumngani wakho ukuthi yena ngeke esabhala ukuhlolwa kwebanga le-12 ngoba akazilungiselele kahle. Ngenxa yokuphuthuma ubone kungcono ukuthumela i-e-mail umeluleke, umgqugquzele ukuba angabe esahlehlela emuva. Bhala-ke umyalezo we-**e-mail.** **[20]**

**NOMA**

3.3 Usebenza kude nasekhaya, ngenxa yokuxineka emsebenzini uyabona ukuthi awuzukuba nomndeni wakho ngesikhathi sikaKhisimusi nesikancibijane. Bhala iphosikhadi ulithumelele umndeni wakho ubachazele ngokungaphumeleli kwakho ukuba nabo, uphinde ubafisele izilokotho ezinhle ngalezi zinsuku. **[20]**

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 20**

**AMAMAKI ESEWONKE: 100**

Akuvumelekile ukukopisha leli phepha

